# I-Edeni Likasatane

Asikhothame . . . Nkulunkulu othandekayo siyaKubonga kulobubusuku ngalelithuba elihle lokuba sibuye futhi eGameni leNkosi uJesu ukuba sibhekane nesitha sethu; isitha saKho esilapha ensimini yempi neZwi ukuba sisixoshe phakathi kwabantu baKho, ukuze babone kulobubusuku, Nkosi ukuKhanya kweVangeli. Ngiyakhuleka ukuba Ugcobe amehlo ethu ngomuthi wokugcoba amehlo ukuze avulekele ngaseQinisweni; ukuze siphume lapha, sithi phakathi kwezinhliziyo zethu, "Bezingavuthi yini izinhliziyo zethu phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni". Sindisa abagulayo nabadangeleyo. Duduza abadangeleyo. Phakamisa izandla zababuthakathaka ebeziphansi. Kwangathi singabuka ukuza kweNkosi uJesu, esikholwa ukuthi sekuseduze. Sikucela lokhu eGameni likaJesu. Ameni. Ningahlala phansi.

2 Ngizozama ukufishanisa kulobubusuku, ngoba ngiyazi abaningi bavela kuzindawo-ngezindawo zezwe beze enkonzweni; abanye benu bebesele, futhi kumele babuyele emuva mhlampe babambe ebheke emuva, ngakho ngiyanibonga. Namuhla ekuseni bengithanda ukuzwa uMfowethu Neville, luqobo lwami. Ngimzwile izikhathi eziningi kaze ngimuzwe kwesinye isikhathi, ngaphandle kwalokho engimthokozela ngakho, kepha ekuseni nje-lowomlayezo obumfishane-ngiyazi ngibe nokuholwa yiNkosi ukuba ngilalele kulokho ekuseni kwanamuhla. Kuhle kakhulu. Futhi ngiyabona ukuthi kungakho bakwethu ukuze nimlalele, nani. Futhi-ke ngineqiniso uyohlala enenzela okuhle uma nimlalela.

Ngizame ukuba ngibe nalabo abafuna uxoxiswano namuhla; kulokhu ukusa, nakulentambama. Ngisenabo, abaningi okuningi okufunekayo.

3 Ngiyakholwa ukuthi kwakunguJethro owatshela uMose ngelinye ilanga; wathi, "Kungaphezu kwamandla akho. Ngakho sinabaningi babazalwane lapha maqondana nezinkinga zenu, futhi bonke kubo bebelokhu bengabakholekileyo, zikhona izinto ezinhle ezimelwe ukunakelelwa. Futhi ngithanda ukuqoka umelusi wethu noma uMfowethu Mann, nabanye abafundisi esikholwa nabo lapha - ungaya kubo. Bayokutshela khona impela okundinga ukwenziwa. Abany'abantu, izingane zabo; ukugunaniselana, noma izinto ezingamaphutha. Lamadoda anganisiza njenganoma ubani omunye, ngoba bayizinceku zikaKristu. Hambani kubo, Futhi nginesiminya ukuthi bayoninika usizo eniludingayo. Ngingefinyelele kubobonke. Baningi ngisho noma kukuphi lapho uya khona. Balokhu banda kakhulu kakhulu, niyabona; futhi usuke uthanda ukubabona

bonke, kepha kawunakukwenza. Kepha ngiyakhulekisisa ukuba uNkulunkulu, ngandlela thize Uyakunenzela konke.

4 Manje, kulobubusuku, sithanda ukuya emBhalweni, sifunde ingxenye yomBhalo kuGenesisi, isahluko sesithathu; sithi nje ukuthathela kancane emuva kulokhu ebesikhuluma ngakho ezikhathini ezadlule sibone uma iNkosi uJesu ingasinika ngokuthe xaxa kulokho esizokukwazi uma siphuma. Ngiyakhuleka ukuthi uyokwenza.

> *Inyoka yayinobuqili kunazozonke izilwane zasendle abezenzile uJehova uNkulunkulu. Yathi kowesifazane: Ngempela uNkulunkulu ushilo yini ukuthi: Ningadli emithini yasensimini na?*
>
> *Owesifazane wathi enyokeni: Singadla izithelo zemithi yasensimini,*
>
> *Kepha ngezithelo zomuthi ophakathi nensimu uNkulunkulu ushilo ukuthi: Ningazidli, ningazithinti ukuba ningafi.*
>
> *Inyoka yathi kowesifazane: Aniyikufa nokufa;*
>
> *Kepha uNkulunkulu uyazi ukuthi mhla nizidla, kuyakuvuleka amehlo enu nibe njengoNhulunkulu, nikwazi okuhle nokubi.*
>
> *Owesifazane ebona ukuthi umuthi ulungele ukudliwa, nokuthi uyabukeka emehlweni, nokuthi umuthi unxanelekile ekuhlakaniphiseni wathatha izithelo zawo, wadla, wanika kanye nendoda yakhe kanye naye nayo yadla.*
>
> *Ayesevuleka amehlo abo bobabili, bazi ukuthi bahamba-ze, bathunga amaqabunga omkhiwane, bazenzela izibhinco.*

INkosi yenezelele izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

5 Manje Ngithanda ukuthatha isihloko kulobubusuku kulokho, ngisibize ngokuthi: I-Eden likaSatane - kubukeka sengathi kuyintwanyana embana ukuthi, "I-Eden likaSatana". Kucishe kufane nokunye ngelanga leSonto ebusuku, mangingaphosisi, lapho ngikhuluma kini ngokuthi UKUQALEKELA UGWAYI KWENDODA noku Nambitheka okweNelisayo. Ngezinye izikhathi ukugcizelela ngalezizintwanyana okungathi azizwakalisisi kahle kusisondeza entweni ethize, kusenza futhi sihlole futhi kukubeke ekufundeni iZwi. Ilokho engithanda ibandla lami likwenze. "Umuntu akanakuphila ngesinkwa sodwa, kepha nangawo wonke amazwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Ngakho funda iZwi; lihlole. Nokuthi uLihlole ngamehlo kaNkulunkulu ukuze likunike ukuhlakanipha kokuqonda ukuba kufanele siphile kanjani kulesisikhathi samanje.

6 Manje, ukuza kini lapha kulobubusuku ukuzokhuluma nje kini ukuthi, "Oqha, ngingenza lokhu nalokhuya." Ngingathanda ukukhuluma nabantu, njengalokhu ngisho ngingathanda ukuhamba ngiye ekhaya kanye nomunye nomunye wenu kulobubusuku. UNkulunkulu uyazi ukuthi lokhu kuliqiniso. Ngingathanda ukuya ekhaya ngamunye namunye wenu, ngidle nokudla kwasekuseni nani ekuseni, fathi, ngihambe ngiyozingela isinkwe kanye nani kusasa ntambama, niya bo. Ngingathanda ukwenza lokho, kepha anginakukwenza. Futhi ngingathanda ukuya ekhaya ngihlale phansi ngixoxe nani: Sizihlalele emphemeni osemnyango emva kwe nkonzo, ngixoxe nani isikhashana futhi ngixoxe kini ngenhlalo yenu nangoNkulunkulu. Ngingathanda ukwenza lokho. Abesilisa nabesifazane lapha; uNkulunkulu uyazi ngingathanda ukwenzalokho. Kepha anginakukwenza. Kuningi okungidonsayo nokungidingayo. Nakulesisikhathi esinozwela esiphila kuso-nami ngingumuntu onozwela.

7 Namuhla, kukhona enginakho emcabangweni wami okuthize. Kumele ngikwenze, ngakusasa kusuke sekuqhele ngesigidi samamayela kimi; kutholakale ukuthi kusuke sekukhona osekufike kwathi juqu sekwenzeke lokhu nalokhuya, unesikhathi sokuqoqela ndawonye imicabango yakho. Kepha ukuphokophela kwami okukhulu kungukushumayela iVangeli eBandleni, ngenze konke okusemandleni ukunika udumo kuJesu Kristu ngalesisikhathi ngisesemhlabeni, nakulesisikhathi engisasisalele emhlabeni.

8 Ngiza ukuzama ukusho kini okuzonisiza - okuthize engikufundile emva kokuba ngiye ekhaya ekuseni namuhla: Ngithi ngingathini kulobubusuku, Nkosi, okuzosiza lababantu. Ngilalele kulowomlayezo onamandla kulokukusa nge... UMfowethu Neville asiphe wona nge...Ngicabange ukuthi ubumuhle kakhulu, lapho ethe, "Udokotela uyasihlola isifo, kepha umuntu oza nesitsha esigcwele izinalithi - uyena ojovayo." Ngakho ngicabange ukuthi kube isigcizelelo esiphaphamisayo. Ngicabange ngalokho-umjovo, emva kokuba isifo sesixilongiwe. Ngakho-ke, kuyinto enhle kakhulu.

9 Ngithande ukukhuluma kini eny'into; ukunilethela okuthize ukuniKhanyisela isithembiso sikaNkulunkulu salomnyaka. Into ehtize - hayi into ethize umuntu mumbe ayekuyo ngelinye ilanga, kepha into...nalezozinto zilungile; sonke sithathela kulezozinto. Kepha ngicabange ukuthi ngizozama ukuninikeza into ethize emqondweni wenu ngalemiBhalo engiyilobile lapha, ezonikhanyisela ukwazi - ikwenze ube yibutho elingcono enkundleni olwa kuyo manje, ukuba ufunde amasu esitha ukuze uvike konke singakangeni kuwe, uyabo. Nanso into enkulu: ukuba ufunde ukuvimba izidubulo zingakutholi ngandlela zonke.

10 Manje, asibuke, manje, kulento enkulu. . . okwesikhashana kulesisikhathi esikhulu sesono esiphila kusona manje. Angikholwa ukuba sake sabakhona isikhathi engake ngafunda ngaso emlandwini - zakezabakhona izikhathi zokuhlushwa lapho abantwana bakaNkulunkulu babe bulawa ngandlela zonke, kepha ukubona ukukhohlisa kwesitha, kasikaze sibe nosuku olunjengalolu njengoba siphila. Kungubuqili obukhulu, isikhathi sokukhohliswa. Uma ngikubona lokho, kuletha lokhu ukuthi umKristu kumele ame manzonzo namuhla, kunanoma imuphi unyaka ayeme kuwo.

11 Masibuyela emuva ekuhlushweni kweBandla ngamaRoma kwakuthi uma umKristu enze iphutha, asiwe emphandwini anikezelwe kumabhubesi noma ngendlela efana nalokho, uma bemthole engumKristu ebufakazini bakhe. Kepha umphefumulo wakhe wabe usindiswa, ngokuba waye- likholwa eliqotho, elingasolekiyo kuNkulunkulu futhi ngokuthokoza wayephawula ubufakazi bakhe ngegazi lake lapho imithambo yakhe iphophoza, noma izimbobo emzimbeni wakhe negazi liphalala wayekhala abheke phezulu ngokholo olujulileyo athi, "Mukela umoya wami Nkosi Jesu."

12 Kepha manje, ukuhlakanipha kukadeveli manje, kwenza abantu bakholwe ukuthi bangamaKristu kepha bengesiwo. Nanso-ke into. Awusaphawuli - Kuyisikhathi sobuqili esikhulu kunalapho owawungakhokha khona ngempilo yakho ngenxa yobufakazi bakho. Udeveli ucuphe ngabo bonke onoxhaka bobuqili ukuze. . . ungumkhohlisi.

13 NoJesu wasitshela kuMathewu 24 ukuthi lesisikhathi siyakuba njani esiphila kusona - isikhathi senkohliso esake saphilwa; esifana ncimishi ebesiyodukisa nabaKhethiweyo bakaNkulunkulu umabekungenzeka ukuba adukise.

Manje, akesiqhathanise eminye imiBhalo, (kumbe isiprofetho) okwakhulunywa ngazo eBhayibhelini zanamuhla, siqhathanise nalesisikhathi esiphila kuso manje. Ku 2 Timoti 3 sifunda lokhu: Ukuthi umprofethi wathi kuyakuthi ezinsukwini zokugcina; ukuthi umuntu uyakuba namawala, nabakhukhumeleyo, nabathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu.

14 Qhathanisa lokho-ke manje, okwesikhashana nje. Singe. . . sizokufishanisa, ngokuba asinaso isikhathi esingako sokuba sikubeke konke, njengalokho kufanele, keph'ukuba sikuthi nje-hlokolozi, ukuze, nikubone uma nifika ekhaya nikufunde. Abanamawala, abakhukhumeleyo, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abangazithibi, abahiebi, (abangenabunene) abangathandi okuhle. Manje, uMoya wakhuluma ngokucacileyo ukuthi lezizinto ziyakuba sezinsukwinizokugcina. Lokho yilezizinsuku - isiprofetho esikhuluma kuzo.

15 Manje, siyafunda, futhi eSambulweni 14, ngiqonde iSambulo 3:14, (uNyaka weBandla lase Lawodekiya) ukuthi ibandla liyakubanjani kulesisikhathi sokugcina. Futhi kuyakuba . . . Kuthiwa liyakuhlala njengomfelokazi lingadingi lutho. Lalicebile, linempahla eningi, bengazi ukuthi babempofu, bangabokuhawukelwa balusizi, baphumputhekile, banqunu, kepha bengakwazi.

16 Manje, khumbula, ukhuluma ebandleni lalonyaka-lilusizi, liphumputhekile, linqunu, kepha kalazi. Lowomusho wokugcina . . . lelozwi lokugcina yilona elethusayo. Bacabanga ukuthi bagcwaliswe impela ngoMoya. Bonke bazimisele: Unyaka weBandla laseLawodekiya unguNyaka weBandla lePentekoste, ngoba unguNyaka wokugcina weBandla.

17 ULuther wayenomlayezo wakhe. UWesley wayenomlayezo wakhe, namaPentekoste abe-nomlayezo wawo. Futhi, kuthiwa, “Ngokuba usivivi, ungashisi ungabandi” - ukushukuma kwangaphandle. IVangeli lokuzakhela ngengqondo, “Ngoba”, Wathi, “niyilento, Ngiyakukuhlanza uphume emlonyeni waMi.” Ngamanye amazwi, kwamenza wagula ukubona ibandla likulesosimo. Futhi khumbula, baMhlanza, futhi waYengaphandle kwebandla Ezama ukungena ngaphakathi kulowoNyaka webandla laseLawodekiya.

18 Unkulunkulu walelizwe namuhla-umuntu okhonzwayo walelizwe na muhla nguSatane, nabantu kabaqondi ukuthi bakhonza uSatane. Kepha nguSatane ezifanisa. Yena luqobo njengebandla, niyabo - ezenza ibandla. Bakhonza uSatane, becabanga ukuthi bakhonza uNkulunkulu ebandleni, kepha kuyindlela uSatane enze ngayo.

O! Uthi, “Kepha awume kancane; sishumayele iZwi.” Buka emuva lapha esihlokweni sami, lobobusuku. USatane kwaba-wuye owashumayela iZwi kuqala kuEva. UNkulunkula ushilo niyabo. Kuyilokhokuphambanisa (misconstruing) leyongxenye yomBhalo eqondene nosuku. Uyokwazisa ukuthi konke lokho uJesu akwenzayo kwakuphelele impela. Uyokwazisa ukuthi konke lokho uMose akwenzayo kwakuphelele impela. Kepha uma usuthatha izethembiso abazinikezayo zalesisikhathi; lapho lokho kwakusho omunye unyaka. Yilokho-ke akwenzayo, niyabona ukuze enze abantu bakukholwe ngaleyondlela, futhi yilokho kuphela. Ngokuba awunakususa nelilodwa izwi kuKho, noma wenezele izwi elilodwa kuKho, kepha kuyilokho akwenzayo.

19 Abantu, ngokungazi bakhonza uSatane, becabanga ukuthi bakhonza uNkulunkulu. Njengalokhu sexwayiswa yisiprofetho kwabase 2 Thesalonika ukuthi . . . Asikufunde lokho. 2 Thesalonika, isahluko sesibili. Asikuthole okwesikhashana, uma ningakuthola. Ngithanda ukufunda lokho nje u . . . Ngikholwa yikuthi abase 2 Thesalonika. Nginawo umBhalo lapha ne . . .

"Kepha siyanxusa, bazalwane, mayelana nokufika kweNkosi yethu uJesu Kristu nokubuthanela kwethu kuYo,"

Futhi buka ukufika kweNkosi nokubuthanela kuYo, njengoba uNkulunkulu eyobuthanisela abantu bakhe kuye ezinsukwini zokugcina - ukubuthanela kwabantu eNkosini. Akusikhona ukubuthanela eSontweni, kepha eNkosini. Ukubuthanela kuYo.

"Ukuba ningasheshi ninyakaziswe engqondweni yenu, ningethuswa noma ngomoya, noma ngezwi, noma ngencwadi ngokungathi ivela kithi sengathi usuku lukaKristu selufikile.

Makungabikho-muntu onikholisayo nangayiphi indlela; ngokuba lolosuku aluyukufika, kungaveli kuqala ukuhlubuka, kwambulwe umuntu ongenamthetho . . ." (umuntu wesono, qaphela ukuthi uyini manje) ". . . kwembulwe umuntu ongenamthetho, indodana yokulahlwa;" (Lowo kwakunguJuda, niyabo.)

"Omelana nakho konke, nozikhukhumeza phezukwakho konke okuthiwa nguNkulunkulu noma into ekhonzwayo, aze azihlalise ethempeleni likaNkulunkulu ezishaya uNkulunkulu."

20 Lokho kukhohliswa kwebandla lanamuhla. Niyayibona indodana yokulahlwa - udeveli. Indodana yokulahlwa - udeveli. Ngakho-ke abantu bakhonza uSatane namuhla, bacabanga ukuthi bakhonza uNkulunhulu. Kepha bamkhonza ngemibhedesho, amahlelo enziwa ngabantu nemibhedesho yehlisele abantu phansi ekukhohlisweni okukhulu kakhulu kunokwake kwaziwa ezweni. Noma ngabe iZwi likaNkulunkulu elethenjiswa lesisikhathi, lishunyayelwa libonakaliswa kangaka, phezu kwalokho kabanakulikholwa. Kabanakulikholwa.

21 Ngakho kungani? Siyamangala ukuthi kungani. Kungani kunga . . . kungani bengalikholwa na? Uma uNkhulunkulu ethe uyokwenza into ethize, futhi Uyayenza; khona kunjalo bayayifulathela, basuke kuyo. Njengalokhu uEva wayazi ukuthi uNkulunkulu wabe etheni, uNkulunkulu wabe eyokukwenza; kepha wakufulathela walalela ukuthi uSatane wabe ezothini. Khumbula, ukuthi kweminye iminyaka, bekulokhu kuhlale kufana. Unyaka nonyaka uSatane ubelokhu ezama ukuphambanisa iZwi kubo: abenze ukuba bayibone eminye iminyaka.

22 Bheka-nje uJesu efika - buka, uSatane wayekuleso sixuku sabafundisi bamaJuda nabafundisi nabapristi, ezama ukubatshela ukuba bagcine uMthetho kaMose, lapho lona IeloZwi lathi - ngalolosuku, iNdodana yomuntu iyakwambulwa. Niyabo? Ukuthi iYozambula luqobo. Ngakho babezama . . . ukuthi inqobo nje uma bebagcine bengamakholwa, naseMthethweni kaMose . . . niyambona ukuthi uSatane wenzani na? Wayezama ukubatshela, "Leyongxenye yeZwi iyiyo impela,

kepha lomuntu akusuyena lowo muntu." Niyambona ukuthi ukhohlisa kanjani na? Ilona ngempela-ke lolosuku lokukholisa.

23 Bekulokhu, namanje u - Satane wakha umbuso wakhe emhlabeni. Kungakho-ke enzenjena; ngoba ufuna ukwakha umbuso wakhe emhlabeni. Kungakho-ke ngoba ufuna ukwakha umbuso wakhe njengosomabhizinisi lowo akusiye umKristu. Uyosebenzisa lonke icebo angalisebenzisa ukuba akwenze ubone into ngendlela okungesiyo. Uma enenhloso nokuzizuzela ekukwenzeni ukuba ubenjalo akwenze ukubone ngaleyondlela, uyokutshengisa konke angakutshengisa khona kepha akudedise eqinisweni lalokho, ngoba ungugwabhela kwesakhe. Akukhathaleki noma uqamba amanga nokukhohlisa kangakanani; nokungaphezulu kwalokho, ugqwabela kwesakhe. Kungakho uSatane ekwenzile lokhu. Futhi usebenze ngentshumayelo ukuze enze lokhu, njengalokhu uNkulunkulu Ethembise ukukwenza.

24 Manje waqala ukukhohlisa ngenkolo e-Eden selokhu aqhubeka kanjalo-ke. Hhayi ngokubeka umshungu wamaKhomanisi- amaKhomanisi awangeni kulokho. Ibandla okufanele uliqaphele, niyabo. Akusiwo amaKhomanisi ayodukisa abaKhethiweyo; ibandla eliyodukisa abaKhethiweyo, niyabo. Akusiwo amaKhomanisi. Siyazi ayamphika uNkulunkulu - angumphikukristu. Impela anguye - ngokokubusa, kepha akusuye umphikukristu. Umphikukristu unenkolo; ukholwa impela futhi angacaphuna emBhalweni, akwenze kubukeke kucacile, njengoba uSatane enza emuva le ekuqaleni. Wacaphuna konke phansi. . .UNkulunkulu ushilo, "Ningadli emthini yasensimini," Niyabo. . .?. . .?. . . Wayesethi, "Yebo, singadla izithelo zemithi yasensimini, kepha kunomuthi ophakathi nensimu uNkulunkulu athe ungadliwa ngisho ukuthintwa kodwa lokhu, ngoba mhla siwudlile kumhla siyokufa."

25 Wayesethi, "Aniyikufa nokufa, kepha akengikutshele isizathu sokuthi uNkulunkulu ukusholoni lokhu. Kungoba. . . " Niyabo, manje akucaphunayo kwakuliqiniso, niyabo. Wathi, "Kuyovula amehlo enu, futhi kuyonenza nazi okuhle nokubi. Niyobe seninjengoNkulunkulu nalapho, uma ningakwenza." Yilokho nje afuna ukukwenza, futhi ilokho nse azama ukukwenza nanamuhla. Bekuyilokhu kuyinkolo yenkohliso kusukela ekuqaleni e-Edeni, selokhu kwaqhubeka kanjalo.

Esikhathini sika Adamu kwakuyinkohliso. Esikathini sikaNowa, kwakuyinkohliso. Esikhathini sikaJesu kwakunjalo. Namanje kunjalo! Kungayo leyondlela inkohliso yangokwenkolo.

Manje sizoqaphela umhlaba, mhlazane uNkulunkulu esawengamele; nalapho uSatane esengamela ngokuphika iZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wake wawengamela umhlaba.

Wawubeka emkhondweni wawo. Wawubeka ukuba usebenze. Wenze konke esawengamele. Manje, sizoqhathanisa lokho ne . . . emva kokuba uSatane esewuthathile wawengamela.

Manje, uNkulunkulu kwamthatha iminyaka eyizi 6,000. Akumthathanga isikhathi esingako, kepha wathatha isikhathi esingako. Iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, ngoba siyafundiswa ukuthi usuku olulodwa ezulwini luyiminyaka eyinkulungwane emhlabeni; ngakho eyizi 6,000 zeminyaka, noma izinsuku eziyisithupha uNkulunkulu akha umhlaba.

Manje, uNkulunkulu kwamthatha iminyaka eyizi 6,000 ukuwakha; ewutshala ngembewu enhle nokuba uthele yonke inhlobo yayo. Yonke into kumele iveze inhlobo yayo. Zonke izimbewu zaKhe zazizinhle, ngakho kumele iveze inhlobo yayo. UNkulunkulu wathatha iminyaka eyizi 6,000.

26 Okukugcina, esewenza wonke, nasekugcineni sifika ekomkhulu lakhe lasemhlabeni endaweni enhle engasempumalanga kwase-Edeni, ebizwa nge Nsimu yase-Edeni. UNkulunkulu wenza ikomkhulu lomhlaba eNsimini yase-Edeni, eGibithe, ngasekupheleni kwempumalanga yensimu kulapho-ke okwakuyikomkhulu. Naphezu kwakho konke, wabeka indodana yakhe nomka ndodana waKhe phezu kwakho konke. Kunjalo. Ilokho okwenziwa nguNkulunkulu.

27 Wababeka ukuba bengamele konke. Babengakhuluma nomoya ubusubohla ukuvunguza. Babekwazi ukukhuluma nesihlahla sisuke sithi ze laphaya. Ibhubesi nempisi kudle ndawonye, newundlu liqube nawo. Kwakungekho bubi. Kwakunokuthula okuphelele kunobudlelwano obuphelele; konke kusekupheleleni, mhla uNkulunkulu esangamele. Futhi kwa . . . qaphela. Wayenezwe laKhe - Konke kwase kusebenza. Konke kwase kuvela. Yonke into yayidla izimila Akukho nto eyayifa - akukho-nto eyayiguga - akukho-nto eyayonakala - akukho . . . kwakuphelele nje. Nangaphezu kwakho konke, Wabeka abantwana bakhe abathandekayo - indodana yakhe nendodakazi yakhe, indoda nomfazi ukuba bawengamele.

28 UNkulunkulu weneliseka, wayesephumula kuyoyonke imisebenzi yakhe ngosuku lwesikhombisa, walungcwelisa lolosuku lwesikhombisa, iSabatha, lakhe. Ngoba uNkulunkulu wabuka konke; emva kweminyaka eyizi 6,000 ewubumba ewulungisa; ewenza ukuba ube ngokhona, ebeka nezintaba phezulu enza nezintaba-mlilo ephakamisa izintaba nokunye okwakwenziwa, ekuqhekezekeni, komiswe abe-sakha ngendlela Ayebona ifanele, kwakuyindawo enhle! ayikho enjengayo.

29 Amaparadesi amakhulu kaNkulunkulu, nezilwanekazi ezinkulu, nokunye, kunwabuzela khona, nezilwane ezinkulu - zingenabutha. Zazizilungele nje njengomdlwane wekati. Zazingenangozi. Kungekho kugula, kungekho kudabuka; kungekho nalinye igciwane lesifo emhlabeni. O, yeka

leyondawo - izinyoni ezinkulu zishwibeka ezihlahleni, noAdamu azibize ngamagama, zindizele emahlombe akhe zimculele. O, yeka leyondawo emangalisayo kaNkulunkulu.

30 Wayesenza enye yezingxenye zakhe emzimbeni waKhe. UNkulunkulu unezingxenye emzimbeni wakhe, njengawe uyingxenye kayihlo. Futhi uma uqaphelisisa uzobona ukuthi wabe ukumkhulu kamkhulu kamkhulu wakho. Kepha kulokho, asithi, sizokuthatha sikufanise ngawe noyihlo.

31 Manje, wawungazi lutho usekuyihlo. Uhlamvu lokuphila luqhamuka kowesilisa. Owesilisa unenhlayiya yegazi enokunyakaza owesifazane uneqanda. Manje, ngakho inhlayiya yegazi inokuphila kuyo. Ngakho ke, lapho usekuyihlo, eqinisweni wawungazi lutho ngalokho, kepha nokho, isayense neZwi likaNkulunkulu kuyafakaza ukuthi wawukuyihlo, kepha wawungazi lutho ngalokho.

32 Kepha sikhathi-simbe uyihlo wayelangazelela ukukwazi. Nangobunye bokuhlangana nomama, ngalokhoke wabe usuyaziwa ngubaba. Manje, uyingxenye kayihlo. Ufana naye, ezithweni zomzimba wakho kukhona ofana ngazo noyihlo. Manje, iyona ndlela uNkulunkulu abe eyiyona ekuqaleni. Yonke indodana kaNkulunkulu nayo yonke indodakazi kaNkulunkulu yayikuNkulunkulu ekuqaleni. Awukukhumbuli lokho manje, kepha wawulapho. Wayekwazi futhi wabe efun'ukuba ubekhona, ukuze axhumane nawe, akhulume nawe futhi akuthande futhi akuxhawule.

33 Ngabe awumthandi umfana wakho...Ngabe ukusiyona yini into enkulu lapho umfana wakho efika ekhaya ahlale phansi etafuleni; uma ebuya enkundleni yempi, noma kwenye indawo, ezingozingozi ne? Ungamenzela idina; ubulale ithole elikhuluphalisiweyo nokunye, ungemlungisele na? Kuyinyama yakho negazi, futhi waye-kuwe. Wawungakamazi ngaleso sikhathi, kepha wawazi ukuthi ukhona.

34 Ngakho uNkulunkulu wayazi ukuthi siyoba lapha, kepha wasibeka enyameni ukuze sibe nokuxhumana. Ukuze Athintwe, Uba-ngomunye wethu, lapho eba nguJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, Qobolwakhe; ukugcwala kokuzibonakalisa kukaNkulunkulu.

35 Ngakho, kwakuyinhloso kaNkulunkulu ukuveza izingxenye zakhe ekukhonzeni. Ngenkathi ngisekubaba ngangingazi lutho ngalokho. Kepha lapho ngiba yindodana yakhe ngazalwa nguye, ngaba yingxenye, ingxenye kababa wami, nawe uyingxenye kayihlo. Nanjengabantwana bakaNkulunkulu, siyingxenye yezingxenye zikaNkulunkulu eyayikuYe, senziwe inyama njengalokhu Enziwa inyama ukuze sibe nobudlelwane omunye kumunye njengomndeni kaNkulunkulu phezu-komhlaba. Leyo yinhloso kaNkulunkulu ekuqaleni. Yebo, mnumzane. Ilokho uNkulunkulu ayekufuna ekuqaleni. Wayengamele konke, wabe

esephendulela umuntu eNsimini yase-Edeni ukuba azikhethele. Wayesethi, "Ndodana, kungokwakho." Indawo enhle kangaka.

UNkulunkulu wayeneliseke ngangokuthi Waze wabuyela emuva wasephumula kuyoyonke imisebenzi yakhe. Sonke isihlahla kasizange siveze ameva namakhakhasi. Kwakungekhomeva ayewela phansi esihlahleni sameva - konke kwakuphelele; zonke izimbewu zaziphelele. Zonke izinto zazisesimweni esiphelele.

36 Lapho uNkulunkulu esathe-gozololo, isitha sakhe sangena ngomnyelela wenkohliso sathatha izintambo ngokuhumusha okuphambene ohlelweni lwaKhe kubantwana baKhe. Kanti ubebeke ithemba kumntwana wakhe, njengawe ubeka ithemba endodakazini yakho uma iphuma ebusuku nowesilisa; lapho ubeka ithemba endodaneni yakho uma izohamba nomfana ophuzayo noma nomfana obhemayo, niyabo? Wabeka ithemba endodaneni yaKhe ukuthi ayiyukwenza lutho oluphambeneyo, nokuthi iyogcina onke amaZwi awakhulumileyo, kepha isitha sangena ngesinyelela. Njengaleyompisi engahamba nendodakazi yakho izenze idlabha, noma othile wesifazane ongahamba nendodana yakho enze-sona leso, niyabo. Sangena ngesinyelela isitha sikaNkulunkulu sathi-nyelele, sasesihumusha okuphambene neZwi ngakuEva.

37 Manje, sona, ngalokhu-kuwa, sesengamele sathatha iNsimu yase-Edeni yaba ngeyaso. Sayithatha. Namanje, besilokhu siyibambile iminyaka eyizi 6,000 ngokubusa ngenkohliso; sikhohlisa abantu (abantwana bakaNkulunkulu) njengoba senza lapho, ngoba babenikeziwe ingqondo yokuzikhethela benze ngendlela abathanda ngayo, futhi ngokukholwa ukuthi bayokwenza ngokuyikhona, noma bathembe ukuthi bayokwenza ngokuyikho, ngalokho bavela nokwenza okungesikho, base bedayisa ngobuzibulo babo (njengalokhu kwenza uEsawu) ngenxa yezwe; noSathane waphumelela, wase engamela. Naye uSathane uthathe iminyaka eyizi 6,000 ukwakha i-Edeni lakhe njengoNkulunkulu kwaba iminyaka eyizi 6,000 ukusondezela i-Edeni lakhe, manje uSathane wakhe i-Edeni lakhe ngokukhohlisa; (ukukhohlisa ngeZwi noma ngabantu) kulomhlaba esonweni.

38 I-Edeni kaNkulunkulu yakhiwa ngokulunga. I-Edeni likaSathane lakhiwa ngesono, ngokuba uSathane uyisono. UNkulunkulu ungukulunga. Umbuso kaNkulunkulu wakhiwa ngokulunga, nokuthula, nokuphila; nokwakha kukaSathane kusesonweni, nenkolo yesono!

Qaphela ukuthi wakukhohlisa kanjani ngenkohliso athi uyoyenza. Wathembisa ukukwenza lokhu. Ngabe ukhona obekwazi lokho na? Masivule kuIsaya isahluko 14 kancane nje, kesibone ukuthi uSathane wathini lapha, okwesikhashana. Ku-

Isaya, 14, sizomfunda. Bese uqaphela ukuthi lendoda yenzani. Isaya 14; kuqala evesini lika 12.

> *"Yeka ukuwa kwakho ezulwini O, Lusifa, ndodana yokusa! nokunqunyelwa kwakho phansi, wena owonakalisa izizwe!*
>
> *Wena wathi enhliziyweni yakho, ngiyakukhuphukela ezulwini, ngiphakamise isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi (lawo ngamadodana) zikaNkulunkulu, ngihlale entabeni yomhlangano ngasekugcineni kwasenyakatho.*
>
> *Ngiyakukhuphuka phezu kwezindawo eziphakemeyo zamafu, ngizenze ngibe-ngangoPhezukonke."*

39 Manje, qhathanisa lokhu okungenhla neminye imiBhalo ekwabaseThesalonika, esikhashaneni esadlule; ukuthi uchaze kanjani ukuthi uhleli etempelini likaNkulunkulu, eziphakamisa ngaphezu kwakho konke okuthiwa uNulunkulu. Aze athi yena njengoNkulunkulu, akhonzwe njengoNkulunkulu emhlabeni.

Nangoke unkulunkulu walelizwe engishumayele ngaye kini ngeSonto eledlule. Nangu lapha ekhona namuhla enkohlisweni. Lelohora lenkohliso! Isikhathi esimangalisayo esiphila kusona! Kuyisikhathi esimnandi kakhulu kunayo yonke eminye iminyaka, ngoba thina sibhekene neminyaka eyinkulungwane futhi! Sibhekene ne-Edeni futhi. Kepha kuwo lonyaka, (yonke inkohliso nalo lonke iqhinga asake walisebenzisa wakwazi futhi ukukhohlisa ngalo) ukuqoqele konke ndawonye waziqinisa yena luqobo, wase-hlela phansi njengoNkulunkulu, ngenkolo, futhi angacaphuna nasemBalweni, futhi angakutshela umBalo-njengoba uSathane enza kuEva eNsimini yase-Edeni. Kepha akwenzayo ukushiya ichashazana nje elilodwa, enza lelogebe; lapho ushevu wemfundiso kadeveli ungangena khona, njengo "ukuqalekela ugwayi" sasikhuluma ngakho ngobunye ubusuku.

40 Manje, wathi uyozikhukhumeza ngaphezu koPhezukonke. Uyokhuphukela ngaphezu kwamafu nezinkanyezi, futhi uyohlala lapho njengoNkulunkulu, futhi abengaphezu koPhezukonke. Futhi-ke uphumelele ukufeza izinsongo zakhe. Ubenempumelelo emangalisayo impela ekuqhubeni izinsongo zakhe, ngabantu bemvumela achaze ngokuchezukileyo kuyoyonke iminyaka ebumqokeni beZwi elithenjisiweyo likaNkulunkulu kulowonyaka! Wenza kanjalo-ke. Kuwo wonke unyaka wayechaza achezukise.

41 Ezinsukwini zikaNowa, wabachazela ukuthi kwakungenakwenzeka ukuba line eZulwini, ngoba akukho-mvula phezulu laphaya! Ivangeli lobuchwepheshe alishumayela eNsimini yase-Edeni, wayengathumela imikhumbimkhathi enyangeni, afakazise ukuthi akukho mhwamuko phezulu laphaya! Kepha uNkulunkulu wathi iyofika imvula, kepha uSathane waphumelela ukufaka uphoyizeni

engqondweni yabantu ngokuxilonga kobuchwepheshe ukuthi kungeke kwenzeke, kepha kwenzeka! UNkulunkulu wathi kuyokwenzeka, futhi kwenzeka. Wakwenza.

42 Manje ezinsukwini zikaJesu, wenza kanjalo. Wafaka ushevu ezingqondweni zabo futhi ngenkohliso, niyabo - ephendukezela iZwi. "Uma uYiNdodana kaNkulunkulu, mangiKubone wenza into ethize." UJesu kazange abe namancoko naye. Kazange akwenze. UNkulukulu kasuye owamahlaya. Akaphenduli lutho olubuzwa nguSathane. Kuphela uno . . . UJesu wathi, "Kulotshiwe ukuthi kawanukuphila . . . Umuntu akanakuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngawo wonke amazwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Wayengenekuntela naye. Akenzanga sinkwa. Wayengasenza, kepha kwakuzobe ulalele udeveli, ngakho wayengenakulalela kudeveli.

Okunye futhi, kuyisono sangokwenkolo, njengasekuqaleni - kugcwele inkohliso. Qaphela manje. Akusona nje lesisono esejwayelekile esidala sansuku zonke - Ukuphinga nokudakwa, nokusebenzisa iGama likaNkulunkulu ngeze. Akusikho. Qhabo.

43 Niyakhumbula eminyakeni eyadlulayo, abaningi benu lapha, izinsizwa ezindala, khumbulani leyontshumayelo engayishumayelayo ngokuthi UkuDumazeka EkwaHlulelweni? Isifebe, asiyukudumala lapho. Siyazi ukuthi siyaphi. Isidakwa asiyukudumala lapho - umdayisi wotshwala obuyingozi, obheja ngemali, umqambi-manga, isela - aliyukudumala. Ilowo muntu, owafika wathi, "Nkosi angishumayelanga yini; iVangeli ngakhipha amademoni ngeGama lakho."

UJesu wathi, "Dedani kuMi nina benzi bokubi angizange ngize nginazi."

Nakho-ke ukudumala, niyabo - lokho kukhohliseka. Ilokhoke impela engi-kulapho-ke abangangizwisisi khona. Akusikho ukuthi ngithanda ukwahluka. Angithandi ukwahluka, kepha ngimelwe ukuma eqinisweni.

44 Nginomlayezo, futhi kufanele uye kubantu. Ngiwenza uzwakale kalula kubantu. Bacabanga ukuthi ngiphambene nawowonke umuntu. Uma bebazi ngithanda wonke umuntu. Ngizama ngawo onke amandla ami ukubanikeza lokho okuliQiniso, njengalokho libekwe enhliziyweni yami, nangendlela elibekwe ngayo eBhayibhelini, lapha. noNkulunkulu uyalifakazela ukuthi liyiQiniso, ngalokho-ke akukhonto engenziwa ngalokho. Kuphela ukukubuka, noma ukungakunaki.

Niyabo, abathandi ukuliqonda ngoba vele sebethengise ngalo. Badayisa ngobuzibulo babo enhlanganweni ethize; elinye ihlelo, ukuba babophe ilungelo labo lokuya eZulwini ngenxa yezizathu zenye inkolo ehleliwe, okuyiyona uSathane eyinhloko yakho konke.

45 UNkulunkulu kakaze abenenkolo ebunjiwe, kakaze nhlobo. Kepha bazithengisele kulokho. Lapho be. . .isixuku samadoda sihumusha iZwi, bese bethi lisho lokhu, futhi lisho lokhuya. UNkulunkulu kadingi-mhumushi. Uyazihumushela. Akadingi muntu omunye ukumtshela ukuthi akwenziwe kanjani. Ungumbusi phezukonke. Washo ukuthi uyokwenza kanjani, futhi ileyondlela okufanele agcine ngayo iZwi laKhe. Lapho ethi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo," Wayechaza kanjalo nje.

46 Konke athi kuyokwenzeka, Wathi kuyokwenzeka kulezizinsuku zokugcina ukuthi uYokwenza izinto ezithile, futhi wakwenza. Akadinge kubuza kumuntu ukuthi sikhona yini isikhathi noma qha. Uyazi ukuthi sikhathi sini, nokuthi iliphi icebo. Manje, uSathane, lomkhohlisi, njengoba kukhulunywa ngaye kuMathewu 24:24 egcwele inkohliso.

47 Manje, sithola ukuthi ngohlelo lwevangeli lakhe lokwazi: imfundo enhle ukuziphatha okuphakemeyo, impucuko, nokunye, ubhozomele abantu abafuna ukukhonza uNkulunkulu bakolwa ngamanga akhe. UEva kathandanga ukukwenza lokho, kepha wamkhombisa ukuthi kunokuhlakanipha okuningi kukho.

Wabe engazi. Wafuna ukwazi. Wayengaqondi kepha wayefuna ukuqonda. Ngingaziqonda kanjani ezinye zaleziznto na? Ngingeziqonde. Ngiyazikholwa. Angidingi ukuziqonda. UNkulunkulu ungukukholwa, hhayi ukuqonda. Kuphela nje siyakholwa ilokho Akushoyo.

48 Manje, qhathanisa i-Edeni likaNkulunkulu kuleli lamanje likaSatane, emva kweminyaka eyizi 6,000 yokuhlanekezela incazelo yeqiniso yeZwi elithenjisiweyo likaNkulunkulu onyakeni (age). Asiqhathanise manje, sibone ukuthi sikutholaphi. Njengalokhu enza ebandleni likaKristu, kuJesu - ezama ukudedisa amadodana athembekileyo kaNkulunkulu ekwazini iQiniso. BangabakaNkulunkulu. . .UNkulunkulu wabeka amadodana akhe lapha, izingxenye zakhe, ukuba bahlanganyele naYe ngokuzwa Izwi lakhe.

49 Kunganjani uma uyihlo ekutshele. . .nawe uyindodana ethembekileyo kuyihlo. Ekutshele, "Ndodana ungayi kulawayamanzi laphaya, ubhukude, ngoba kukhona izilwane kulawo manzi." Indoda-thize bese ithi, "Impela ngeke, emanzini amahle njengalawa, akukho-zilwane kuwo."

50 Manje, imuphi ozomlalela na? Uma uyindodana yangempela, uyolalela kuyihlo. Nendodana yangempela noma indodakazi kaNkulunkulu ithatha iZwi lkaNkulunkulu kuqala! Angikhathali ukuthi ubani uthini ngalokho, bathatha iZwi likaNkulunkulu kuqala. Kukhona ushevu enkomishini bese bekholwa. Benokukholwa kulolonke iZwi laKhe, iMbewu

yaKhe, yaletha iEdeni lobungcwele, lothando nokuPhila okuPhakade.

Ilokho-ke okuvezwa i-Edeni likaNkulunkulu -ubungcwele, laletha i-Edeni lobungcwele, lothando, ukuqonda, ukuphelela, nokuPhila okuPhakade. Ilokho okuhloswe nguNkulunkulu; yiZwi laKhe, iMbewu yaKhe, kulapho eliyakubakhona iBandla laKhe ekugcineni. Kuyakuba into enjalo.

51 Qaphela nanku umcabango. Ungawukhohlwa. Ngiyakukhuluma ngawo ngesinye isikhathi, noma kwenye intshumayelo, kepha niyazi, uNkulunkulu wathi, “Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo.” Kungabe umyalo kaNkulunkulu lowo na? Manje, kusizaphi uma noma imuphi umshumayeli noma ubani omunye azame ukwenza leloZwi lisho enye into na? Niyabo? Lonke iZwi likaNkulunkulu liyiMbewu. UJesu washonjalo - imbewu eyatshalwa ngumhlwanyeli. Ngakho, uma uMarko 16 eyiZwi likaNkulunkulu, liyoveza inhlobo yalo. Uma uMalaki 4 eyiZwi likaNkulunkulu, liyoveza inhlobo yalo naso sonke esinye isethembiso kumele siveze inhlobo yaso.

52 Niyabo? Niyambona uSatane laphayana ezifihlile na? Uzama ukuthi “Akunjalo.” Niyakuqonda na? Niyabo, uSatane uthi, “O, lokho akusikho okwalesiskhathi. Kwakungokwesinye isikhathi. Lokho futhi akusho leyonto.” Yonke imbewu mayiveze inhlobo yayo! Walakha kanjalo uNkulunkulu i-Edeni lakhe. Ngabe kunjalo na?

53 Nakalokhu nakhu lapha. Ulakha kanjalo uNkulunkulu iBandla lakhe. Lonke iZwi ngenhlobo yalo. “Umuntu akanakuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngawo onke amazwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu,” niyabo. USatane, uthatha enye into, kepha uNkulunkulu wathi, “Yonke imbewu ngenhlobo yayo.” Uma isethembiso nathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela bonke abakholwayo.” Manje, ibandla lithi, “Zihlanganise nebandla, phindaphinda umbhedesho; yazi ikhathekizima.” Azikho izinto ezinjalo kulolonke iBhayibheli. Kepha, uJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela bonke abakholwayo. NgeGama laMi, bayakukhipha amademoni. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha izinyoka, baphuze okubulaloya, akusoze kwaba-nangozi kubo. Uma bebeka izandla kwabagulayo, bayakusinda.” Imuphi umuntu ongakuphika lokho na? Niyabo?

54 Yonke imbewu iyoveza inhlobo yayo. Uma uyimbewu kaNkulunkulu, ingxenye, indodana kaNkulunkulu, khonake imbewu kaNkulunkulu itshaliwe kuwe, niyabo. Uma-ke uzwa iZwi likaNkulunkulu - “Izimvu zami ziyalizwa izwi laMi; umfokazi azisoze zamlandela.” Niyakuthola lokho na? Ngakho-ke yonke imbewu uvela ngenhlobo yayo.

Manje, sithola ukuthi yonke imbewu iveza inhlobo yayo, kwakungekho ukufa kuleyo-Edeni. Akuyikubakho ukufa e-Edeni elisha, niyabo. Kwakungekho lutho olunye ngaphandle kobungcwele, ubumhlophe, nokuPhila okuPhakade.

55 Manje, ngokungakholwa kulolonke IZwi likaNkulunkulu kuveze imbewu yokungabinabungcwele e-Edeni likaSatane. Sifika manje lapho uSatane ethatha isihlalo sobukhosi njengomphikukristu e-Edeni lalomhlaba, iEdeni lesono - inkolo ehlanekezelwe. Kaqalanga, ngokuthi: "NginguSatane. Ngiyingelosi enkulu." Qhabo, akaqalanga kulokho, kepha ngokuphendukezela iZwi likaNkulunkulu! Uwulethe kanjaloke umbuso wakhe kuyoyonke iminyaka. Namanje kulonyaka omkhulu wokukholisa, uzimisele ukuthatha ubukhosi ngabantu bakhe! Uzakhele elihlakaniphile, elifundile, elinobuchwepheshe i-Edeni. Yebo. Abashumayeli bobuchwepheshe, ibandla lobuchwepheshe, ubuchwepheshe bokwazi ngoNkulunkulu - konke kungokobuchwepheshe. Konke kuxhumekeke olwazini lonke ibandla lakhele olwazini. Alakhele ekukholweni.

56 Ngelinye ilanga ngaya ukuyobamba inkonzo ebandleni lomuntu. Kwabe kulihholo elikhulu entshongalanga. Umuntu okahle - wayeziphika lezizinto esikhuluma ngazo. Nokho, ngangimthanda. Umuntu okahle - umuntu osekhulile. Kwathi ibandla lakhe seliphumile. . .lingahlala abantu abayizi 6,000. Lapho ibandla lakhe seliphumile enkonzweni yantambama (cishe i-l,500yabantu) bonke babengaba hlakaniphileyo abagqoke kahle ngahlala lapho ngabaqaphelisisa. Washumayela inkonzo emnandi - lomuntu wenzenjalo. Wabe esebuza ukuba ukhona yini othanda ukwemukela uKristu; ukuba baphakamise izandla zabo. Akubangakho-muntu owaphakamisa isandla sakhe. Kwaze kwathi ekugcineni owesifazane waphakamisa isandla sakhe.

57 Wayesethi, "Sekulungile, manje usungumKristu," wasemenzela umbhaphathizo. Wasephuma; wanikela umntwana, (wamanga umntwanyana) wasemkhulekela, wasekhulula ibandla.

58 Ngenkathi ibandla lakhe liphuma - lonke likahle, lifundisiwe, abantu abafundile, khona ngangimi eceleni ukuze ngimxhawule isandla ngimfisele impumelelo kuNkulunkulu, lapho esehamba. Ngenkathi sengenze lokho, kwasekungena isixuku sami. Babengenakubavumela ukuba bangene isixuku sakhe sisephakathi. Nakhu kufike abami ngezihlalo zamasondo, izinhlaka, abagqoke amabhantshi ezinhlanya, izinhlanya, nabanye! Uyawubona umehluko na? Ileyontoke engikhuluma ngayo, niyabo. Niyabo? Kuyinto eyahlukileyo.

59 Lapho ngolwazi, lobuchwepheshe ungenza ivangeli eliqondakalayo - "Okholwayo nguJesu Kristu akayikulahlwa," uyabo, "kepha lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

Uyabo, uyehluleka ukubeka lokho lapho, buka. Owesifazane wakholwa nguJesu Kristu. Usindisiwe, uma lezizibonakaliso zilandela ikholwa. "Nalowo ozwa iZwi laMi," qha ukwenza enye into - akusikho ukuLizwa ngezindlebe zakhe, kepha ukuliqonda. Noma ubani angaLizwa.

Isifebe singaLizwa sihlale siyisifebe buka. Isidakwa singaLizwa. Umqambi-manga angaLizwa, kepha ahlale engumqambi-manga, kepha "Lowo oqonda Izwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuPhakade." Nakhoke, buka. Futhi akukho muntu ongakwenza lokho uNkulunkulu engamkhethanga ngaphambili.

60 UJesu wathi, "Kakho ongeza kuMi, uma uBaba engamdonsi, nakho konke lokho uBaba anginike khona kuyoza kuMi." Ameni! Kusekuphakameni konke, nangokwazi kukaNkulunkulu ngaphambili. Uhlala yedwa, futhi akukho-muntu oMtshela ukuthi akenzeni.

61 Manje, ngokungakholwa nokuthatha lonke iZwi likaNkulunkulu, kuveze imbewu yokungakholwa, engenabungcwele, enesono, enezondo, nokufa kwaphakade kukulonyaka webandla elonakele elihlakaniphileyo. Manje ngabe nikutholile na? Kulesisikhathi lapho izwe lonke liyinkolo. Ubukwazi lokho na? Lonke izwe liyinkolo. Nakulonyaka wenkolo - amabandla amakhulu kunoma iliphi igumbi. Konke. . .yonke into ibophezeleka kuSatane ukuba akhonzwe. Nakhu kulapha eBhayibhelini. Kunjalo.

62 Nakulokhu kuhlakanipha, isikole sokuqeqesha osiyazi bezenkolo esiveze umuntu ohlakaniphile oqeqeshelwe ukuthi akabokhuluma kanjani, enzeni, banyakaze kanjani, nakho konke njengokufunda ngokusebenza kwengqondo iminyaka emithathu kuya kwemine ukwazi ukuthi ungawufunda kanjani umqondo womuntu. Buka, ku. . .uMoya kaNkulunkulu kawusiyo into ongafunzwa yona. Kuyinto eyabikezelwa ngaphambili kuwena ngesandla sikaNkulunkulu usoMandla. Ulwazi lwakho (experiences) ngeke waluyela esikoleni noma ufundiswe lona; lubikezelwe isandla sikaNkulunkulu nangolwazi lwaphambili lukaNkulunkulu kuwena. Kunjalo.

Manje waveza leli-Edeni elikhulu leli abaphila kulo manje - iEdeni lebandla lomhlaba. Bonke babuthana ndawonye, manje emKhandlwini omkhulu wamabandla - jikelele, futhi bazoba nebandla lomhlaba - onke azoba phansi kwenhloko eyodwa lapho uSatane eyohlaliswa khona esihlalweni sobukhosi, kunjalo impela.

Nobizo lokugcina luzophuma lubambe uMlobokazi ngaphambi kokuba Angene kulokho. Ngokuba uma eke waba kulokho, uyakube usethathe uPhawu lweSilo abhubhe. Kasayikuphuma kulokho. Kungalesisikhathi ngithi, "Phumani,

kubo, bantu baMi, ngaphambi kokuba kungene kuye, buka. Phumani kubo, nizahlukanise."

Manje inzondo nokufa, nokwehlukana noNkulunkulu ingunaphakade kuleli-Edeni - inkanuko, ukungcola, ukuhlanekezela. Kanjani na? - ngokuhlwanyela imbewu okungesiyo.

63 Kungikhumbuza umbono engawubonayo ngaphambi kokuba ngihlangabezane nabantu bamaPentekoste wa lowo-muntu ehamba ezungeza umhlaba egqoke ezimhlophe. Nike nangizwa ngiwukhuluma ezikhathini eziningi. Oyedwa waqhamuka emva kwakhe ehlwanyela izimbewu eziphikisana nembewu yangempela, kepha waphumelela kahle, kuEva (eNsimini yase-Edeni) ngenxa yenkanuko ka-Eva esonweni - inkanuko kaEva yesono.

64 Ngakho uEva wabe esekhanukela ulwazi, kwakuyisono. Futhi uma sikhanukela ulwazi (iziqu zolwazi-nzulu neziqu zobudokotela kwezomthetho) kuyisono ukwenzanjalo. Leyo inkulumo eshubile, kepha iliQiniso. Noma ingashuba kanjani, iseyilo iQiniso, buka. Ukukhanukela ulwazi, ukuqonda... Okuyikho yilokhu ukuthi namuhla kasizami ukwakha iZwi likaNkulunkulu ezinhliziyweni zabantu. Sizama ukuzakha thina luqobo lwethu! AmaBandla azama ukwakha imfundiso enhliziyweni yomuntu. Siyayalwa ukuba sakhe iZwi likaNkulunkulu. UPawulu wathi, "Kangizanga kini ngamazwi ahungayo omuntu ukuze ukukholwa kwenu kungemi ngokuhlakanipha komuntu, kepha ngiza kini ngamandla; ngezibonakaliso zikaMoya oNgcwele ukuze ukukholwa kwenu kume ngamandla kaNkulunkulu.

65 Nakhoke. Umuntu ufuna ukuzakhela bona. Siyakuthola phakathi...Ake uNkulunkulu enze into ngomuntu amthume, uzothola wonke umuntu ezama ukulingisa. buka, bazama ukuzakha luqobo. Wonke umuntu - "Ngenze lokhu, mina, ngi, ihlelo lami, imina lokhu" - bezakhela bona. Sishumayela ngani, ngathi noma ngombuso kaNkulunkulu na? Yakha iZwi likaNkulunkulu. Khipha ukungakholwa, bese wakha umbuso kaNkulunkulu enhliziyweni yomuntu. Nombuso kaNkulunkulu ungeke wakhiwa enhliziyweni yomuntu, uma uNkulunkulu engamenzanga lowomuntu kanjalo. Angewakhe e...futhi khumbula, ingxenye ekhohlisayo, yokuthi umuntu ucabanga ukuthi wenza ngakho. "Kukhona indlela ebukeka sengathi iyiyo kumuntu." Yonke into ingukuhlakanipha ibukeke sengathi yinhle.

66 Njengoba nganitshela emaSontweni ambalwa edlule; lapho ngimi eduze komntwana wami owayefa, noSatane emi lapho wayesethi, "Nango uyihlo - wafela ezandleni zakho ngobunye ubusuku. Nango umkakho elele phansi laphaya emakhazeni nansi futhi nengane yakho iyahamba, kepha uyaMcela ukuba

akuphendule, futhi Ukwehlisela ithunzi. Namanje, kepha unguNkulunkulu omuhle, kepha nokho uthe WayenguMsindisi. Nawe omele lokho owathi kwakuyikho, unephutha."

O, wonke umzindlo, wonke umcabango wengqondo kwakufanele uvume ukuthi kwakuyikho, futhi wayesho okuyikho ngaleyondlela.

67 Ngakho wayesho okuyikho ngenkathi etshela uEva, "Amehlo akho ayo vuleka futhi uyokwazi okuhle nokubi, futhi uyakuba njengonkulunkulu ngaleyondlela," (wazi okuhle nokubi) ngokuba uNkulunkulu wayengakabavumeli ukuba bazibone, ukuthi babenqunu. Ngakho bazi ukuthi bayakwazi okuhle nokubi. Futhi wabe eqinisile! Kepha, uyabona, kwakuphambene neZwi likaNkulunkulu.

68 Kanjalo nabafundisi ezikoleni zebhayibheli befunda ulwazi ngoNkulunkulu olwenziwe ngumuntu. Kungabukeka kuyikho, kungaba ukuqonda okuhle kwento, kepha kuliphutha! Akumele sikuqonde. Siyakukholwa, ngoba uNkulunkulu wathi kunjalo, ngakho kuhlala phakade - yonke into. Iyona ndlela esikukholwa ngayo. O, wakukhanukela kanjani uEva ukuba neziqu zolwazi-nzulu - wakhanuka kangakanani ukubangcono kunalokhu abe eyikho.

69 Qaphela, ukufana kwendoda nomkayo . . . indoda nomfazi, bobabili benqunu eNsimini yaseEdeni, iEdeni likaNkulunkulu . . . Manje, sengizovala, ngithe ngizoke ngithi nje ukubamba imizuzwana embalwa. Qaphela manje, sengivala. Qhathanisa lokhu manje. Lokho kufana kwendoda nomkayo, bobabili beseNsimini yase-Edeni, kungekho ngisho isichitshana sengubo kubona, kepha bengakwazi. Ngokuba benziwa yini bangazi na? Ngokuba babemboziwe ezinzweni zabo ebunqunwini ngeVeyili eliNgcwele likaMoya oNgcwele. Babengabukana, kepha bengazi ukuthi babenqunu. Babembozwe nguMoya oNgcwele wobungcwele, babemboziwe.

70 Isembozo sikaNkulunkulu, nanamuhla, ungabuka ungakhanuki. Bayafulathelisa amakhanda abo. KuyiseMbozo esiNgcwele - iseMbozo esiNgcwele. Amehlo abo ayekuNkulunkulu. Bobabili babe . . . omunye wayengowesilisa nomunye wayengowesifazane, futhi babengazi ukuthi babenqunu, ngoba ubuNgcwele bukaNkulunkulu bagcina amehlo abo evalekile. Qaphela, uNkulunkulu wafihla unembeza wabo ukuba ungoni ngeVeyili eliNgcwele. Sengathi besingaba nesikhathi ukuba kesithi ukuchaza ngalokhu imizuzwana.

Buka lapha, "Ngokuba yena, umkhonzi uma esehlanziwe (kumaHeberu) uma umkhonzi esehlanziwe akasenawo unembeza wesono! Isono sedlulike kuye.

71 Ngimzwile uMfowethu uNevill ekuseni namuhla, kukhona obengambuza, "Kwenziwe yini ngingashumayeli ngoMoya oNgcwele na? Bengingakwenzi ngani lokhu na?" Nakhu.

UMoya oNgcwele iwona osebenza kuwe. UngukuPhila. Akusiwo amadlingozi; akusizo izibonakaliso ezingokwenyama, kepha unguMuntu, onguJesu Kristu, iZwi likaNkulunkulu elakhiwe enhliziyweni yakho ukuvusa lonke izwi lalonyaka. Kunjalo. Buka uMoya oNgcwele esebenza, hhayi kakhulu ekuzibonakaliseni kepha kakhulu ekwenzeni – lokho okwenzayo kuhambisane neZwi.

72 Qaphela, manje, uMoya oNgcwele weZwi eliNgcwele likaNkulunkulu wawusendodeni nakowesifazane benqunu kepha bengazi. Kuhle kangakanani – ukuphila kweZwi, iMbewu. UNkulunkulu wathi, "Kukhona umuthi ophakathi nensimu, (owesifazane). Naphakathi nensimu kukhona lomuthi. Ningalokothi ngisho nokuwuthinta, ngokuba mhla niwudlayo, kumhla niyakufa." Babembozwe ngobungcwele 'ze bangawuboni – bengazi nolunci ngawo, ngisho ukuwuthinta kodwa lokhu.

73 Babe "mbozwe ngobungcwele." Babephephile emphemeni kaNkulunkulu. Babephila. Babengenakufa okwakubazungezile. Haleluya! Babenothando oluphelele omunye komunye, ukuPhila okuphelele okuphakade. Babenothando oluphelele, ukuqonda okuphelele kothando lukaNkulunkulu. BabeneZwi likaNkulunkulu, futhi beligcina. Futhi babephila futhi babephephile e-Edeni likaNkulunkulu kungekho lutho ukufa nxazonke.

74 Khonake, uSatane wathonya uEva ukulalela ivangeli lobungcweti – ivangeli lolwazi, ukufunda okuphakeme, ukucwaninga okuphakeme, impucuko engcono, imfundo ephakeme, nokunjalo. Lapha-ke, lapho esemisile wase esemlalela umzuzu, (enkulumweni yakhe, thina esiyalwe ukuba siyichithe) lapho esemthonyile ukuyilalela – "Manje, buka lapha. Ibandla liyilokhu nalokhu. Kade lakhiwa. Singelinye lamabandla amadaladala ezweni. Imeya yedolobha ihambela . . ." Anginendaba ukuthi liyini, buka. Uma liphambene neZwi likaNkulunkulu, nawe phikisana nalo. Liyisitha sakho. Konke okuphambene neZwi kuyisitha sakho. Konke okungokweZwi kungumfowenu. Uyingxenye yakho.

75 Qaphela, waphenya iVeyili eNgcwele ukuze abone ukuthi kwakuyinto enjani ukulalana; (qhathanisa lokho) ukuthi inkanuko iyokwenzani. Wasusa iveyili emehlweni akhe. Into engcwele uNkulunkulu abe-yibeke yamboza amehlo akhe, wayefuna ulwazi lokuthi kuyinto enjani. Ngakho waphenya iveyili ukubona ukuthi kuyinto enjani. Walalela kudeveli, futhi bheka nje indawo okwambeka kuyo.

Benze yona leyonto kulowo nalowo nyaka, emva kwalokho – njalo bethatha icala langasekuhlakanipheni. Namanje sekwakhiwe umbuso kaSatane wolwazi (imbewu yakhe ayitshalile) wayesethatha izwe ukuba libe yi-Eden lokufa.

76 Manje, qaphela. Manje bheka eSambulweni 3, uNyaka weBandla laseLawodekiya. Ake ulicabange ngokwakho. Manje, qaphela. Yena uEva, uyindlovukazi kaSatane. Buka, uSatane (inyoka) yangena kuEva ngaphambi kokuba uAdamu angene kuye. Kunjalo. Ngakho wamona - ngakho uSatane, inyoka yaba yindoda kaEva ngaphambi kokuba uAdamu azi utho. Yamkhohlisa. IBhayibheli lithi wakwenza, wabe eseyazi ukuthi kade enqunu, khona lapho. Buka?

77 Manje, bheka oNyakeni weBandla laseLawodekiya. Yena, uEva, uhlezi njengendlovukazi kaSatane. Ucebe ngezimpahla zangokwezwe, uphumputhekile, unqunu futhi, kepha akazi! Njengoba kwakunjalo e-Edeni kaNkulunkulu. Kepha manje akungoba iVeyili eNgcwele imboze ubuso bakhe, kepha kuyiveyili yenkanuko ngoba esuse iVeyili kaNkulunkulu eNgcwele, wabe esefaka iveyili yolwazi ngenxa yenkanuko. Namanje uneveyili eyinkanuko emphumputhekisile ze angaboni ukuthi uyona. Uhamba enqunu emgwaqeni kepha kakwazi lokho. Uyisifebe emgwaqeni. Abesifazane nalezizingubo ezimfushane emehlweni kaNkulunkulu uyisifebe, kepha akakwazi.

78 Qaphela, buka abesifazane bethu. Manje, uma ufuna ukubona isimo ibandla elikuso, bhekisisa indlela abesifazane abenza ngayo. Owesifazane uhlala njalo efanekisa ibandla. E-Edeni likaSatane lesono nokungakholwa - inkolo ehlanekezelwe; umbuso ohlanekezelwe. Esikhundleni sokuthatha iZwi likaNkulunkulu, bathathe ukufunda kokuhlakanipha komuntu. Esikhundleni sokuthatha iBandla, bathathe inhlangano, futhi bayiletha enhlokweni enkulu eyodwa.

79 Manje qaphela, kuhlanekezelwe kuthathelwa kokungenasici . . . Ungakhohlwa yilokhu manje. Ibandla beligqoke leveyili. Qaphela ukuthi yenzeni kulo. Ilihlanekezele ilisusa ebuqothweni yalisa elwazini. EVeyilini eNgcwele ibandla laliqotho; ngeveyili yenkanuko, selinolwazi. Liyazi ukuthi kuyathandeka. Liyazi ukuthi yenzani, buka. Kuyisithelo, umuthi onxanelekile, owenza umuntu ahlakaniphe. Uhlanelezeke usuka ebuqothweni waya elwazini, ukusuka ebungcweleni kuya ekungcoleni nasenkanukweni, nasekuPhileni kuya ekufeni.

80 Lombuso kumele ufe! Lombuso UYOfa! UNkulunkulu waseZulwini uyakuwubhubhisa ebusweni bomhlaba!

Qaphela kulokhu kuhlanekezela, kusuke kowesilisa kwaya kowesifazane nakanjalo kwasuka kowesifazane kwaya kowesilisa, kepha kabakwazi! Umkhiqizo osobala we-Edeni kaSatane, uma uzobuka emigwaqeni namuhla, kubantu bethu besimanje.

81 Qaphela, kwaba nguEva owasetshenziswa nguSatane ukonisa uAdamu ngamandla akhe enkanuko. Manje, kuyefana,

kuyinto efanayo nanamuhla. Qaphela, izinwele zabesifazane eziphunguliwe, ubuso obupendiwe, ukugqoka izingubo ezikhanukisayo. Wenza lokho, futhi akazi ukuthi konke okwalezozinto kuphambene neZwi likaNkulunkulu. Ukugunda izinwele zakhe, kumenza abe ngowesifazane ohlazisayo - isifebe. Ukugqoka izingubo ezimfushane, kumenza aphoxeke. Ukugqoka kwakhe izingubo ezikhanukisayo, kumenza isifebe, kepha akakwazi! Akungobu-ngcwele bukaNkulunkulu; kungenxa yenkanuko kaSatane!

82 Wenza ukuba uAdamu wakhe...Wenza ukuba uAdamu wakhe amkhanukele. Wakhumula izingubo abe emgqokise zona uNkulunkulu, emuva e-Edeni, endleleni yakhe kuze kube kulelihlane - wazikhumula. Wazinqunisa, lapho uNkulunkulu wabe emgqokise umzimba wonke ngezikhumba; Useqale ukulokhu ezihhundula kancane kancane. Manje, usebuyele kulokho abeyikhona ekuqaleni. Manje, usenze uAdamu wakhe wagqoka izingubo zakhe zangaphansi.

83 Indoda, igqoka izikhinjana ezindadlana ezimenza abukeke njengowesifazane aphume abhushuzele. Angiboni ukuthi kunobudoda obuphelele kahle hle kuye. Uyindoda-mfazi isiminya kunengiwaziyo. Buka, unoAdamu wakhe ohlanekezelwe ukuze enze njengaye. Buka? Ugqoka izingubo zakhe zangaphansi. Wabona emuva le ukuthi angenza kanjani, lapho ekhumula zonke izingubo zakhe, kepha lezi zakhe zangaphansi - izikhindi uqobo, kuyizingubo zabesifazane zangaphansi lezo.

84 Nalapha uAdamu wakhe uzigqokile manje. Lokhu, mayelana neZwi likaNkulunkulu okuyilonalona kuyihlazo kowesifazane ukugqoka ingubo yowesilisa, nakowesilisa ukugqoka ingubo yowesifazane, eZwini okuyilona lona. Cabanga ngalokhu.

85 Manje, ugunda isiphomoliya izinwele ezithe; khophoco phezu kobuso, naye futhi. Uyazikama zibheke phansi bese ezifaka ihepheni. Okunye engike ngikubuke maqedane kuthi angihlanze yilezo-ngane ezikame zabhekisa phansi kanje, izinwele eziphaphathekiswe ngamabomu ngohlobo oluthize lomuthi ogcotshwa kuzo, bese zisongwa ngamafaskamu ukuze zibe isikhophoco. Nina madojeyana angabafazi! Kuzwakala kabi ukukusho epulpiti lokhu; kepha ukwahlulela kuqala endlini kaNkulunkulu. Awuzazi noma uyindoda noma ungumfazi. Futhi ngiyazi ukuthi umButho wakithi eMelika usuzogqoka izikhindi. Kunjalo. Niyayibona inhlanekezelo na? Kuyizingubo-zabesifazane - indoda yelula izinwele njengowesifazane.

86 Ngolunye usuku ngangise Howard Johnson's, kungesiyona lena elapha, kepha ilena enye uma uphuma ngomgwaqo, ngake ngasilela emuva ngokumangala. Kwaqhamuka umfanyana

khona lapha, ekhamise umlomo. Futhi wabe enezinwele ezimnyama lapha, wasezikama wazibhekisa phezulu ngapha, wasefaka ifaskamu kuzo, wase-zisongolozela phezu kwamehlo akhe; ebuka ngesikhala sazo, ehamba ejikajika. . . Ngabona inhlanekezelo yodwa.

87 Bukani, akakholwanga. Wayengakhombisa mhlawumpe ukuthi wabe engowesilisa, kepha emoyeni wakhe ungowesifazane. Akazi ukuthi ungakuluphi uhlangothi. Kunjalo. Ukuhlanekezela okungaka pho! Wenze-njaloke uSatane! Uphambukisa izizwe! Uphambukisa ibandla! Upambukisa abantu! Ungumkhohlisi - umhlanekezeli weQiniso okuyilona lona. UNkulunkulu wenza indoda yaba yindoda. Wenza owesifazane waba ngowesifazane, futhi Wabagqokisa ngokwahlukile, futhi Wakwenza ukuba bahlale ngaleyo-ndlela nokuba benze ngaleyo-ndlela. Omunye unobufazane nomunye unobudoda. Wahlukanisa uAdamu eNsimini yase-Edeni wakwenza lokhu; wahlukanisa uEva kuye.

88 Manje, welula izinwele njengaye; owesifazane ugunda izinwele zakhe njengendoda, nayo izama ukuzilungisa njengezakhe. Owesifazane ugqoka izingubo zendoda zangaphandle. Nendoda igqoka ezowesifazane zangaphansi. Manje, lokho kuzwakala njengokuhlambalaza kepha kangiqondile ukwenze njalo. KuliQiniso eliphelele leVangeli. Uma ungalazi, ngabe kusho ukuthi kukhona okungahambi kahle kuwena. Kuphakathi kokuthi uyi mpumputhe kungenjalo awukaze ubesemgwaqeni. Futhi owesifazane nendoda bacabanga ukuthi kulungile. Kukhona lapho belengela khona.

Abesifazane bathi, "Awu, kushisa kubi." AmaNdiya amadala aseApache ngaphesheya le anganithela ngehlazo. Nxa bezwa ukufudumala kakhulu bayaye bagqoke kakhulu - ukuze ilanga lingabatholi. Zikwenza ujuluke ukuze ushaywe ngumoya uma behamba. Bama kulo impela ilanga. Ungeke wama nje ungagqokelutho ungagazuka ushe. Kepha, uyabo, kuyilokhu abakubiza ngemfundo ephakeme. Ubuchwepheshe balesisikhathi buzale lokhu.

89 O, okwami, nango enqunu eLawodekiya, kepha akazi. Wabe enqunu e-Edeni. Uyayibona imibuso emibili efanayo na? Enye ingeyesono nokufa. Enye ingukuPhila nokulunga. Lapho yayemboze ngeVeyili eNgcwele! Bobabili babehambaze. Babengazi. Babengazi lutho ngakho, ngoba babemboze ngoMoya kaNkulunkulu.

90 Kepha lapha bamboze ngenkanuko, futhi bayabukana ukuze. . . Buka, uAdamu wayebuka uEva, kepha wabe engamazi ukuthi wabe ehambaze. Kodwa, ngaleveyili yenkanuko, owesifazane akaboni ukuthi uhambaze, kepha ukwenza ngaphansi kwaleveyili yalenkanuko ukuze indoda imkhanuke. Iyonanto kuphela akwenzela yona. Awukukholwa lokho, kepha

uyakwenza. Nendoda iyabuka. Uma ibona ukuthi unewozawoza, ize ifike ifake ezinye zezingubo zakho kuyo luqobo.

O, ukuphambanisa okungaka. Lonyaka madoda. Udukisa ngempela. O, zonke lezizinto futhi kabazazi - umoya ophambanisa ngokusobala usendodeni. Imobzwe inkanuko kaSatane, nowesifazane unjalo, futhi naye. Kungumoya wobusatane womphakathi ogqamileyo, buka.

91 Kaba zi, kepha bayinhlangano. Abesifazane bakhindile bangabenhlangano. Indoda igqoka kanjalo . . . ingeyenhlangano. Ngizoninikeza isifingqo sayo: N.N.D. - iNhlangano eNkulu yoDade Ngakho, kulapho bengabakhona. Baphuma lapho nenhlangano enkulu yamadoda-bafazi namangxangalazana amabhulukwe, okubukeka kuyimixhilibana, izinto ezenyanyisayo.

92 Ndoda, ungangiphikisa kulokhu, kepha kuliQiniso. Uphambukisiwe kepha kawazi. Awu . . . ziphathi nhlobo njengendoda. Kuza kancane, ngokushesha abazukukushaya-mkhuba - amadoda nabesifazane, kanyekanye. Bayinhlangano. Balihlelo. Ini? “UJohn wakwamakhelwane ugqoka izikhindi, pho mina ngingezigqoke ngani na? ULuella wathanda ukuba ngizigqoke, ngoba uJohn wakwamakhelwane uyazigqoka. Futhike, uma uSusie Jane engazigqoka, ngokunjalo uMartha Jane angazigqoka, noma uSusie Lou,” noma kungaba iliphi na igama lowesifazane, buka. Buka, kuyinhlangano. Kulihlelo. Ngokomoya uhlangene nayo kepha kawazi.

93 Uma kunjalo, futhi nathi sikubona kunjalo, ngakho niPHUMPUTHEKILE! niPHUMPUTHEKILE kulamahlelo uSatane aniphambukisele kuwo! Kungukuhlanekezelwa kweZwi okuyilonalona likaNkulunkulu, uMbuso waKhe, necebo laKhe ngabantwana baKhe! USatane uphambukisele amadoda nabesifazane kulezizinto, futhi kabazi-kuhlanekezelwe. Awusesiyona indodana kaNkulunkulu -izinwele zilengele phezu kobuso bakhe eshwabuzela n gesikhindi ehla ngomgwaqo. Kungabe yindodana kaNkulunkulu leyo na? Umdikoni webandla, ungumfundisi epulupiti na? Qhabo. Kungebe yindodana kaNkulunkulu leyo!

94 Akezanga ngenxano likaNkulunkulu. Ubengeke azigqoke lezozingubo zabesifazane. Impela ubengeke; nowesifazane ubengeke agqoke izingubo zendoda. Akasiyona indodana kaNkulunkulu; uyindodana kaSatane, nendodakazi kaSatane. (kunzima ukusho leyonto) USatane uphumelele ekuphambukiseni nasekuthatheni lelizwe, nokulenza umbuso wakhe umuntu abekwa kulo ukuze babenokuzikhethela bona ukuthi bafuna ukuphila mpiloni. Lokho kukhombisa okusenhliziyweni yakho.

Iphimbo lakho . . . Uyazi ukuthini? Izenzo zakho zikhuluma kakhulu, zigqiba iphimbo lakho. Ake ngiye kumuntu ngithi,

"O, sonke singamaKristu. Singabebandla," kepha kube kulenga izithombe zabantu abanqunu e-ofisi lakhe na? Kunge-nze mehluko kulokho angitshele khona, ngingamazi kangcono; kanjalo nawe.

95 Uma ethi owesifazane ungumKristu kepha abe egunde izinwele? Umazi kangcono kunalokho akushoyo, buka. Yebo, mnumzane. Uma ethi ungumKristu kepha abe epende ubuso, ekhindile, kepha athi ungumKristu na? Umazi kangcono kanakushoyo. IZwi likaNkulunkulu likufundisa kangcono kunalokho. IZwi lithi angekwenze lokho uma engumKristu. Futhi uyahlazisa nakho konke. UNkulunkulu uzoyibeka kanjani into ehlazisayo eMbusweni waKhe na? Angeke, mnumzane. Ngeke nhlobo. Ngeke, mnumzane. Ubunjalo babo-buveza isifiso sabo.

96 Ungedlise ijuba nenqe ndawonye - ngeke neze. Ijuba kalinayo inyongo sidalo salo. Alinakusidla lesosibhucu esidala. Umalike lathi liyadla kuso, lingafa, futhi liyakwazi lokho; kepha inqe lingadla cishe konke elikufunayo. Linenyongo eningi. Ngakho, uthola ukuthi, nezwe linjalo namuhla - into efanayo. Bahambaze, bayizimpumputhe, kepha kabazi. USatane wakwenza ngenkanuko yowesifazane efuna ulwazi, locansi, alukhetha ngokuzikhethela kwakhe.

Manje qaphela, kwaba nguEva owaholela uAdamu ophathe, futhi kwaba ngowesifazane owakhumula izingubo ngaphambi kokuba uAdamu akhumule ezakhe. Kungowesifazane - njalo nje. Selokhu kwabanjalo. Kusenjalo.

97 Yibandla elidukisa indoda. Yibandla, buka, elihola indoda efuna ukuba yindodana kaNkulunkulu; ngokuba iBhayibheli liyindoda. O, yebo iZwi lenziwa labayinyama, futhi Wabe Eyindoda. IBhayibheli liyindoda; ibandla lingowesifazane, buka. Akusilo ibandla . . . akusilo iBhayibheli elidukisa indoda. Yibandla eliyidukisayo. Yibandla ehambe yanquna nalo, akusilona iBhayibheli. Akusilo nhlobo. IBhayibheli liyitshela ukuthi inqunu. Yebo, mnumzane.

Manje, qaphela ngenxa yocansi(sex) (ukufisa ucansi), wakhanukela ulwazi ukwazi ukuthi kwabe kuyini le, nokuthi lomuthi wawumuhle noma wawungemuhle kanjani, owesifazane wakwenza.

98 UNkulunkulu uyakukubuyisela emuva ngelinye ilanga noma, uyakukwenza lokhu ngendoda. Kwanikelwa ngumfazi, kepha kwahlengwa yindoda. Indoda, nguJesu Kristu, oyiZwi. Ngakho kuyini na? . . . (qaphela sengiyagcina) Khona lapha maduzane nje, ngike ngaphawula ngalokho. Nginamakhasi cishe amane noma amahlanu ngalokho, kepha ngi . . . nemiBhalo nezinto ebengithanda ukuthathela kuzo, kepha lalelani. Asivale ngokusho lokhu.

99 Khumbulani lapha esikhathini esingengakanani esedlule, benginifundisa ngamaCilongo ayisiKhombisa, umkhosi wamaCilongo, nokunye? Futhi ngithe, "Kunosuku lwesishiyagalombili lomkhosi." Ngakho, usuku lwesikhombisa luyoba ngolokugcina; kuyoba imiNyaka eyinkulungwane Kepha kukhona usuku lwesishiyagalombili lomkhosi, okungukuthi uma kwakungolwesishiyagalombili, futhi kukhona izinsuku eziyisikhombisa kuphela, kuyokwenza kube lusuku lokuqala futhi - kubuyele emuva osukwini lokuqala. Sekothi emuva kokuphela kweminyaka eyiNkulungwane, khonake kuyokwakhiwa i-Edeni futhi. UMbuso omkhulu kaNkulunkulu uyakubuyiswa futhi, ngokuba uJesu wawulwela ebhekene noSatane ensimini yaseGetsemane, wayithatha futhi i-Edeni, wahamba ukuyoyilungisa eZulwini ukuze abuye futhi.

100 Phezulu eZulwini, Wathi, "Izinhliziyo zenu mazingakhathazeki." Ngenkathi eselapha emhlabeni. Wathi, "Nina maJuda, niyakholwa nguNkulunkulu, ("Manje, Ngiyazi ukuthi Nginegama elibi," Wathi. "Basho lokhu lokhu, nalokhuya.") kepha nikholiwe nguNkulunkulu, njengoba nikholiwe nguNkulunkulu, kholwani nayiMi."

101 Wabe enguNkulunkulu obonakalisiweyo. Kholwani na... "EKhaya likaBaba kune...noma emzini kaBaba, emacebweni kaBaba kukhona izigodlo eziningi. Ngiyonilungisela indawo." Bheka ukuthi umuzi mude kangakanani uyizi - 1,500 skwele zamamayela. "Ubuza ukuthi ukuphi na? Uye ukuyowulungisa. UnguMdali. Udala lonke lelogolide. Imigwaqo iyabengezela. UnguMdali. Wenza indawo.

102 ESambulweni 21, wathi, "Mina Johane, ngabona uMuzi oNgcwele, iJerusalema eliSha, wehla uvela kuNkulunkulu eZulwini." Lwalungasekho ulwandle. IZulu lokuqala nomhlaba wokuqala kwase kudlulile.

103 Kwabe kuyini izulu elisha na? KwakuyimiNyaka eyiNkulungwane. Kwabe kuyini umhlaba wokuqala na? - yiwona lona esiphila kuwo manje. Uyolungiswa kabusha. Njengalokhu wabhaphathiswa nguNowa ngezinsuku zokushumayela kwakhe; wabe usungcweliswa nguKristu lapho ewufafaza ngeGazi laKhe, uyakulungiswa kabusha (kususwe wonke amagciwane nakho konke okukuwo) ekulungisweni kabusha ngomuhla wokuphela lapho usubhaphathizwa ngomlilo oyoqothula onke amagciwane, yonke inhlobo yokugula, zonke izifo, nakho konke ukungcola okwabe kusemhlabeni. Uyoqhuma usakazeke, bese kuvela umhlaba omusha. "Ngase ngibona izulu elisha nomhlaba omusha. Izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kwase kudlulike, nolwandle lwabe lungasekho. Mina, Johane, ngabona umuzi ongcwele, iJerusalema eliSha, wehla uvela kuNkulunkulu eZulwini."

104 Lapho uNkulunkulu uyakubakhona kanye nezingxenye zaKhe; amadodana namadodakazi, lapho Engahlanganyela kanye nabo ebungcweleni namehlo abo emboziwe ukuze bangoni. Kasisayikuphinde sibekhona isono kusukela lapho. Masilwe kanzima. Ungakhohliswa kulesisikhathi, kepha siphokophelele ukungena kulelosango; ngokuba bonke abayakushiywa ngaphandle, bayizifebe, abakhanuki. "Obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye." Bonke aba - ngaphandle kuyoba yilabo abesifazane abanezimilo ezixegayo, amadoda anezimilo ezixegayo, nabanye, futhi yilabo abahlengiweyo kuphela, nabaseNcwadini yokuPhila yeWundlu abayakungena kulelosango. Ngakho phokophelelani, bangani; ningadukiswa kulolusuku lokugcina.

105 Lesi yisikhathi esikhulu. Wonke-uwonke unemali. Wonke-uwonke angenza lokhu, noma ngubani angenza lokho. Kunemali egeleza ndawozonke nezimoto ezinkulu, ngakho konke; akuyikubakho nayinye kulowomuzi. Akuyikubakho ngisho neyodwa imoto, nayinye indiza. Qha, kuyakuba impucuko eyahluke gelekeqe. Kuyakuba yimpucuko futhi, okungesiyo eyolwazi, kungesiyo eyobuchwepheshe; kepha eyokulunga nokukholwa nguNkulunkulu ophilayo.

106 Masiphokophelele ukungena kulokho, ngokuba konke lokho kuyinhloso yami, ukuba ngingene kulowoMuzi ngelinye ilanga. Bese ngithi-jeqe ngemuva, kwabahamba nami, nginibone nonke nimasha, lapho sihlabelela, "Abangcwele sebengena khona. Ngifuna ukuba kuleso sixuku, lapho abangcwele behamba beshayela phezulu beyongena khona." Asikhuleke.

107 Baba oseZulwini othandekayo, njengoba izinsuku zisondela, futhi siyalubona lusondela, isethembiso siyasondela. Siyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuba ukubeke lokho ezinhliziyweni zethu, ukuze singenzi amaphutha.

Nkulunkulu othandekayo, gcina unembeza wethu uhlanzekile. Gcina inhliziyo yethu imboziwe, Nkosi amehlo ethu emboziwe ngasezintweni zezwe, nasezintweni eziphelayo zezwe-inkazimulo ephelayo yokuzikhukhumeza. Noma bangababakhulu kangakanani, onke amakhosi, ababusi bezwe, amakhosana, nakho konke kuzobhubha, futhi kabayikuvuka ekuvukeni kokuqala; ngokuba kulotshiwe, "Ubusisiwe, ungcwele onesabelo ekuvukeni kokuqala kulabo ukufa kwesibili akunamandla." O, Nkulunkulu, ukufa kwesibili, ukufa ngokomoya, akunamandla. Uhlanguliwe.

108 O, Nkulunkulu, ukucabanga ngolunye lwalamahora, omunye uyobe evakashile omunye ahlwithwe. "Bebabili embhedeni, ngiyothatha oyedwa, ngishiye omunye. Bebabili ensimini, ngiyothatha oyedwa ngishiye omunye."

O, Nkulunkulu, sisize ukuba sibemhlophe phambi kwaKho, Nkosi, singakhathazeki ukuthi umuntu ucabangani

ngathi; ukuthi abanye abantu bathini. Nkosi, mazibe-ngcwele...izingxoxo zethu mazibe-ngcwele. Mazihambisane neZwi likaNkulunkulu. Zihambisane impela, Nkosi, ukuze kungafunyanwa-nkohliso kithi. Njengoba sinxusela onke amaphutha ethu ukuze iGazi likaJesu Kristu lisimele kuNkulunkulu. Ukuze kuthi nxa esibuka esezulwini abone iGazi likaJesu. Kungayi ngokulunga kwethu, nokuthi singobani, nokuthi senzeni, kepha kube sekuboneni kwaKhe kuphela. Nkulunkulu kwenze lokhu.

109 Sengathi kungebebikho muntu kwabahleli lapha nozwe uDaba; kwa-ngathi kungelahleke noyedwa kusukela emntwaneni omncane kuye kumuntu omdala. Kwa-ngathi isifiso Babo esingcwele kungaba ukufuna uNkulunkulu neZwi laKhe. Asilazi ihora Angaqhamuka ngalo, noma ihora Angasibiza ngalo ukuba sizoziphendulela ngale ekwahlulelweni. Asilazi ihora angathatha ngalo, njengoba kwaba njalo, athathe ikhadi lethu eshalofini athi, "sekuyisikhathi sokubuyela ekhaya. Kumele sihambe." Nkulunkulu sisize sihlale sihlanzekile. Siyacela, Nkosi.

110 Sicela ukuhlala silinde ize ifike iNkosi uma kungenzeka. Masenze konke emandleni ethu ngothando, nokuqonda - ukuqonda ukuthi uNkulunkulu uhlola izwe, namuhla, efuna zonke izimvu ebezilahlekile. Masikhulume kubo njalo ngomkhuleko wothando nangeZwi likaNkulunkulu, ukuze sizuze lowo wokugcina andukuba siye - Khaya, siphume kuleliEdeni likaSatane lapha, Nkosi lonke lakhelwe enkanukweni, nabesifazane ababizwa yizwe ngokuthi bahle bekhangisa laphaya: "Siyakhangisa, befuna abafana ukuba beze nojamu ebusweni babo, namantombazane amahle agqoke iminqinyana yezingubo.

111 Emisakazweni yethu nakumathelevishini, nayoyonke inhlobo yokungcola nomdlalo, neHollywood; zonke izinhlobo zenkanuko, ukungcola, izingubo ezingcolile zabesifazane. Namadoda aphambeneyo agqoka izingubo zabesifazane, egunda izinwele zawo njengezabafazi, nabafazi njengamadoda.

O, Nkulunkulu, sibi kakhulu isikhathi esiphila kuso. O, woza, Nkosi Jesu, woza. Woza, Nkosi, sihlanze ngeGazi. Susa konke ukungcola nenkohliso kithi. Masihlale, Nkosi. Masihlale njalonjalo ngaphansi kweGazi phambi kwaKho. Kuyisifiso senhliziyo yethu, nokunzusa kwethu okumsulwa.

112 Nkulunkulu othandekayo, kubekwe kulelideski, kulobubusuku, lapho kade kwendlalwe khona iVangeli, Nkosi nanka amaduku ebekwe lapha nezishuqulwana okuzoya kwabagulayo nababuthakathaka. Sengathi umkhuleko wokukholwa, Nkosi ungawela ezinhliziyweni zethu phambi kobuso baKho. Khona-ke, Nkosi uma kukhona

okungahlanzekile kithina, Nkosi, thatha okwethu . . . sahlulele, manje; sicela umusa.

113 Kwembule kithi okungalungile esikwenzayo, Nkosi, ukuze sicele sithathe iGazi lisihlanze. Phulukisa lababantu abagulayo, ubenze baphile, Baba. Noma yini okuzokwenzeka; nomaphi lapho beya khona. Makube njalo, Baba.

114 Siphe ukuba siphokophelele ukukukhonza, Wena wedwa. Siphe, Nkosi. Baphephise lababantu abathandekayo asebesemgwaqeni bebheke ekhaya. Siyakubonga ngendlela ophulukise ngayo abantu, noDadewethu uShepherd, nomfanyana kaMfowethu uShepherd olinyazwe yibhayisikili. Ngiyakhuleka ukuba ububi bungehleli kulokho. Umfana ezigibelele ibhayisikili, ngiyakhuleka ukuba abengcono. Siyakubonga ngokuphulukisa kwaKho laba abanye esikunxuse ngabo. Futhi siyazi ukuthi lokho esikucelayo, siyakwemukela, ngokuba sinesiqiniseko kuLowo owenze isethembiso. Sinike okomusa waKho, Nkosi, usixolele ezonweni zethu, Sikucela eGameni likaJesu Kristu. Ameni.

115 Niyamthanda na? Niyamkholwa na? Angithi senikhathele nidiniwe umbuso kaSatane na? Niyakholwa ukuthi sewugebela eminyakeni eyinkulungwane -eminyakeni yaKhe eyinkulungwane na? ElaKhe, kwelaKhe i-Edeni na? Nikholwa ukuthi seliyalungiswa na? Buka, zonke zito zincike ekuhlakanipheni. Konke - bathi konke kumele kucutshungulwe ngochwepheshe ngaphambi kokuba bakukholwe ngeke ungeke umcubungule ngobuchwepheshe uNkulunkulu. Umele ukumamukela ngokukholwa, "ngokuba lowo oza kuNkulunkulu kumele akholwe ukuthi, uNguye, nomvuzi walabo abamfunisisayo."

116 O, Nkulunkulu, angifuni-kwazi lutho olunye, kuphela iGazi likaJesu elingihlanza izono. Angikwazi okunye, kepha uJesu Kristu. Njengokusho kukaPawulu wasendulo, nami ngisho njalo, kusihlwa nje, "Angazi lutho olunye phakathi kwenu ngaphandle kukaJesu Kristu ebethelwe."

117 Ilokho-ke engikwaziyo enginganitshela khona, ukuthi leliBhayibheli ngilikholwa ngenhliziyo yami yonke, uma ngiyazi inhliziyo yami, ukuthi liyiZwi likaNkulunkulu eliphelele elingaxutshwe nalutho. Ngiphila ngalo. Ngimi ngalo. Ukuba nganginezimpilo eziyinkulungwane ezilishumi, bengingathanda ukunikela ngazo zonke kuNkulunkulu, ngokuba kuyiliZwi likaJesu Kristu. Futhi angigqiziqakala noma bangazama kangakanani ukulonela phansi, noma isayense ingazama kangakanani ukusho ukuthi alithembakali, nokunye, kimina liyiyona-nto kuphela leliZwi engingayethemba ezweni. Ungowami. NgiyaMthanda. Ingabe wena awuMthandi na?

Uma kunesono enhliziyweni yakho; uma kunecala enhliziyweni yakho; uma unotho, khuleka manje, ucele

uNkulunkulu akuthethelele. Ngikhulekise ngizokuthandazela. Umthandazo wami ungukuba uNkulunkulu anibusise.

Size sibonane, size sibonane,
UNkulunkulu abenani size sibonane futhi.

118 Niyathandana omunye nomunye na? UJohane wathi "Bantwanyana, thandanani." Thandanani, Ngokuba uthando lusibekela inqwaba yesono. Manje masixhawulane.

Size sibonane, size sibonane,
UNkulunkulu abenani size sibonane futhi.

Manje, yibani nobumnene omunye komunye, yibani mnene kunoma ngubani. Phathani kahle umakhelwane wenu. Zigcine ungenabala aze abuye uJesu.

Size sibonane, size sibonane.
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu.

119 Niyamthanda na? Ngikhulekela lokho. Ningithanda-zise; ngiyonithandazela. Ngimelwe ukubuyela eTuscon, manje. Futhi ngiyanxusa ukuba uNkulunkulu anibusise nonke. Ngizosuka lapho ngiqonde eCanada, ngibuyele eColorado, ngijikejikeleze, niyabo. Kuze...uMfowethu uTony ukhona laphaya, kukhona into enkulu eyenzakayo. Khona ngaphansi kweVatican eRoma, babiza umhlangano wemvuselelo - mina impela ngiyobamba imvuselelo eRoma - eRoma. Usanda kubuya. Abantu bonke babuthene. Banodukathole wehholo lihlala izinkulungwane zezinkulungwane, ngakho bayangifuna ukuba ngiyobamba imvuselelo. Bafuna ukubona inkazimulo yeNkosi entshumayelweni. Angazi. Ngizokukukhulekela lokhu, ngibone ukuba iNkosi ingitshela ukuthini. O, okwami. Khumbula, khuleka, sonke kanyekanye...

Silinde ukubuya,
Komsindisi wethu obusisiweyo
Bheka, ubuke amaqabunga omkhiwane
Manje aseba luhlaza,
IVangeli lombuso wakhe,
Ufinyelele ezizweni zonke
Siyabona sekusekupheleni.

Masimemezele umlayezo ngokuthokoza,
Wokubonakala kwakhe okubusisekileyo.
Ngokushesha Uza ngenkazimulo, ukubazisa bonke ngamunye
Ngakho phaphamani nina bangcwele beNkosi,
Nilalelani sesisekupheleni nje,
Masizilungiselele lokhu kubizwa kokugcina.

Uyakuphendukela ngasentshonalanga, abuye abuyele emuva futhi ngolunye lwalezizinsuku. Khumbula. Impela uyakwenzenjalo. Futhi kuliqiniso. Kuze...

Hambake neGama likaJesu
Mntwana osekuhluphekeni nosesitheni;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
Lithathe, ke, noma uyakuphi.

Gama eliligugu, O, limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O, limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

NgeGama likaJesu siyakhothama
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, O, limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O, limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje, kulelivesi lokugcina, masilihube ngezinhliziyo ezithobekile manje: "Hamba neGama likaJesu ngengesihlangu kubobonke onoxhaka. Uma izilingo zikuzungeza (lezizinto zombuso kaSatane,) vele uphefumule leloGama eliNgcwele ngomkhuleko," bese uyahamba. Liyasebenza. Ngilizamile. Likholwe nje kuphela, manje, ngokuba liyakusebenza, vele nje uphefumule iGama laKhe eliNgcwele ngomkhuleko.

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka.
Uma izilingo zikuzungeza, (wenzenjani na?)
Vele uphefumule leloGama ngomkhuleko. (Khona-ke iveyili iyokwemboza ubuso bakho.)

Gama eliligugu, (Gama eliligugu) O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, o limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Asikhothamise amakhanda ethu, manje, njengoba ngisacela uMfowethu uBeeler emuva laphaya ukuba eze lapha ngaphambili.

(UMfowethu uBranham uyaqhubeka nokuhuba—Umhl.)

Manje, sisagobise amakhanda ethu sikhothamise nezinhliziyo zethu, umFowethu uBeeler, ongomunye wamalunga ethu lapha, uMfowethu uEstle Beeler, umfowethu ongumKristu ozilungele, indoda ethembekileyo. Ngizomcela akhulule ibandla, ngomthandazo kulobubusuku. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Beeler.

